

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

50/2013: Intshumayelo ngesonto 20 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 13. 10. 2013

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 24/129
2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu, siyabonga ngokuba uzambulele kithi ukuthi unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu oze emhlabeni ukusilungisela insindiso ephheleleyo ngokuhlushwa, nokufa, nokuvuka ngenxa yethu, nokuthi uyiNdodana yomuntu enamandla okusithethelela izono zethu lapha emhlabeni, enguMahluleli wabantu bonke, eyiNkosi neyesabatha. Mawusisize ukuba sikholwe nguwe, sikulandele. Mawusisize ukuba siqonde umehluko phakathi kwemitheshwana yeTestamente elidala esusiwe nguwe, nemiyalelo esenamandla nanamuhla, singazibophi ngakho okungasasibophi, kodwa sivume izeqo zethu lapho seqa khona imiyalelo esenamandla, sikhalele izono zethu, sibuyele kuwe njalo, sithethelelwe nguwe, siduduzeke ngokwethemba ukuthi unguMsindisi wethu. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseThesalonika 4:1-8;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 10:2-16.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 146/132
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Ivangeli** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuMarku 2:23-28, lithi: "Kwathi uJesu edabula amasimu ngesabatha, abafundi bakhe baqala ukukha izikhwebu behamba. Base bethi kuye abaFarisi: 'Bheka, bakwenzelani ngesabatha okungavunyelwe na?' Wathi kubo: 'Anizange nifunde yini akwenzayo uDavide mhla eswele, elambile yena nababenaye ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu enkathini ka-Abiyathara umpristi omkhulu, wadla izinkwa zokubukwa ezingavunyelwe ukudliwa-muntu, ngabapristi bodwa, wanika nababenaye, na?' Wayesethi kubo: 'Isabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga isabatha. Ngokunjalo iNdodana yomuntu iyiNkosi neyesabatha.'" Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, kuyamangalisa ukubona ukuthi ngokuvama abantu bezizwe zonke abasesho ukuthi basalondoloza okwabadala bakubo bathatha amasiko akubo maqondana nakho okungaphandle njengento enzima impela. Uma eqiwa, kuthathwa njengento eyicala elikhulu. Sibona kanjalo la abaFarisi besola uJesu nabafundi bakhe ngokungagcini umthetho wabaJuda oqondene nosuku lweSabatha. Base bethi kuJesu: "Bheka bakwenzelani ngesabatha okungavunyelwe na?" Kodwa maqondana nemiyalelo kaNkulunkulu ekhuluma ngokuziphatha kwethu ngokuthanda uNkulunkulu nabantu, bathatha njengento eludlana, njengalokhu kulotshiwe kuMathewu 23:23-24 ukuthi: "Maye kinina-babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nithela okweshumi kwesinkuntshane, nokwentshungu, nokodonqa, niyeke okunzima komthetho: ukwahlulela nesihawu, nokukholwa! Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki nalokho. Baholi abayizimpumpu, nihluza insensane, nginge ikamela." Futhi kuyamangalisa ukubona nasemabandleni amakholwa ukuthi abangasasho lutho ngamasiko angaphandle ngokusho ukuthi bakhululiwe kuwo nguJesu, bayazikhulula nasemiyalelweni kaNkulunkulu esenamandla phezu kwethu sonke nasesikhathini seTestamente elisha, bathi uJesu usikhululile emthethweni. Imiyalelo kaNkulunkulu ayisenamandla phezu kwethu esikhathini sanamuhla. Namuhla simelwe ukuhamba ngokwezimiso eziqondene kahle nesikhathi sethu sanamuhla. Imiyalelo kaNkulunkulu imiselwe isikhathi sasendulo, namuhla ayisasibophi kangaka. Kuyadelelwa imiyalelo kaNkulunkulu. Abazali, nabanamandla ezweni abasalalelwa, bayadelelwa. Abesifazana bachitha isisu, abazibophi ngomyalelo othi singabulali. Amaphepha omshado ayadatshulwa nje, bathi okuqondene nokuhloniphana nokubekezelana kuyinto yesikhathi esidlulileyo, namuhla abesilisa nabesifazane bayazimisela izindlela zabo ngokwentando yabo, nokuthi nokuthi. Bazomangala mhla bebizelwa phambi kwesihlalo sokwahlulelwa yiNkosi yamakhosi.

Kanjalo-ke ake siqaphelisise okushiwo nguJesu ezwini lentshumayelo yanamuhla, ngoba yena akafuni ukuba siphuthe ngakho akusho, uyathanda ukuba sikuqonde kahle, uyathanda ukuba simamukele eyiNkosi yeSabatha

1. eyiNkosi esikhulula emitheshwaneni esho okungaphandle,
2. eyiNkosi esikhulula esiqalekiswa somthetho olahlayo oweqayo,
3. eyiNkosi esikhululela ukuyikhonza ngokuyikho.

1. **UJesu uyiNkosi esikhulula emitheshwaneni esho okungaphandle.** ETestamenteni elidala uNkulunkulu wamisa nemithetho eminingi ehlela amasiko aqondene nokudla, nokuphuza, nezambatho, nezinsuku, nokubuswa kwezwe, zonke izindaba eziphathelele nokwesizwe sakwaIsrayeli. Ngokufika kukaJesu kwafika yena owagcwalisa konke lokhu, kwafika osikhulula kuwo wonke lamasiko. Nomplostoli uPawulu uyagcizelela lendaba, uma ebhala ukuthi: “Ngakho makungabikho-muntu onilahla ngokudla nesiphuzo, noma ngemikhosi, noma ukwethwasa kwenyanga, noma amasabatha, okuyisithunzi nje salokhu obekuzakuza; kepha umzimba ngokaKristu. Makungabikho-muntu onamuka umvuzo wenu,” Kol. 2:16-18. Amazwi anje ayasisiza ukuba sazi ngokwempela ukuthi sikhululiwe, sikhululile nasemasikweni ahlukene ezizwe zakithi, ukuba sazi ukuthi ngaye uJesu Kristu sikhululiwe, sikhululekile, asisahlushwa emoyeni, uma kukhona abafuna kithi ukuba senze imisebenzi yamasiko enkolo endala. Esikholwa nguJesu siyazi ngokusikhulula kulamasiko, nemitheshwana ezinto ezingaphandle akasiphi inkululeko yokuba siyeke ukulalela nokuzithoba phansi kwemiyalelo kaNkulunkulu eyishumi. UJesu wachaza lemiyalelo eyishumi kahle ngamazwi athinta inhliziyi impela, usathanda ukuba sithande uNkulunkulu phezu kwezinto zonke, simesabe, simethembe impela, sikhuleke kuye, uma sikhuleka, sithande izwi lakhe, silizwe, silifunde ngenjabulo, silalele, sikhloniphe abazali bethu, sisize omakhelwane bethu, sibamele ezinhlophekweni zonke zabo zomzimba, sihambe ngobumhlophe nangokuzithiba ekukhulumeni nasekwenzeni kwethu, kube yilowo nalowo amthande amazise aganene naye, sisize omakhelwane bethu ukuba impahla nokudla kwabo kwande, kulondolozwe, siphikele omakhelwane bethu, sikhulume kahle ngabo, konke okwabo sikuphendulele ngakokuhle, sibasize, sibalekele ukulondoloza okwabo, sibancenge bonke abangababo omakhelwane bethu nazo izisebenzi zabo, ukuba bahlale benze okubafaneleyo. Lemiyalelo kaNkulunkulu isasebenza nanamuhla nasezweni lakithi. Isavimba imilomo yethu ngamahloni ngokuyeqa kaningi, isasisiza ukuba sivume izono zethu, sivume ukuthi sinecala phambi kukaNkulunkulu.

2. Khona-ke kuyangena okwesibili okuthi intshumayelo yanamuhla ithanda ukusikhumbuza ngakho ukuba sikhumbule ukuthi uJesu **uyiNkosi esikhululile esiqalekisiweni somthetho kaNkulunkulu olahla oweqayo.** Siyakhunjuzwa ukuthi asinakulahlwa, uma singagcini imitheshwana eqondene nokudla, nokuphuza, nokwembatha, nokwezinsuku zeSabatha, kodwa sinokulahlwa uma singagcini umthetho wemiyalelo eyishumi. Izwi lithi: “Baqalekisiwe bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiwe encwadini yomthetho ukuba

bakwenze,” Gal. 3:10. Izwi liyaqhubeka ngokusho ukuthi: “UKristu wasihlenga esiqalekiseni somthetho, ebenziwe isiqalekiso ngenxa yethu, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Baqalekisiwe bonke abalenga emthini,” Gal. 3:13. UJesu walenga esiphambanweni, wafeza umsebenzi omkhulu wokusihlenga, nokusilungisela insindiso ephelileyo, singabe sisazihlupha emoyeni ngokugcina imitheshwana noma amasikwana okucatshangwa ngawo ukuthi ayadingeka ekusindisweni. Makukhanye kithina sonke ukuthi awasadingeki ekusindisweni, silungiselwe insindiso yiyo iNkosi yamakhosi, eyiNkosi neyeSabatha, eyiNkosi esikhululile esiqalekiseni somthetho olahla oweqayo.

3. size siyikhonze ngendlela yenkululeko yabantwana bakaNkulunkulu, siyikhonze ngokuyikho, sikhumbule ukuthi isikhululile kukho konke abezizwe abasho ngakho ukuthi kuyadingeka ukuba umuntu athokozise onkulunkulu babo. Isikhululile ukuba sibe nesibindi, sidlulisele umlayezi wenkululeko egameni likaJesu nakwabanye abantu, nabo bezwe, bazi ukuthi bahlengiwe kukho konke okwamiswa ngabantu ngezinkolo zabo ngokusho ukuthi kuyadingeka ekusindisweni, bazi ukuthi bahlengiwe naseqalekiseni somthetho, kungabi ngemisebenzi yabo, kodwa ngokuhlushwa nokufa kukaJesu Kristu ukuba sonke sibe ngabakhe, sihlale phansi kwakhe embusweni wakhe, simkhonze ngokulunga nangobumhlophe, nangokuthokoza okuphelele okungapheliyo, njengoba evukile, ephila, ebusa kuze kube phakade.

Njengoba eyiNkosi neyeSabatha, eyiNkosi esikhulula emitheshwaneni esho okungaphandle, eyiNkosi esikhulula esiqalekiseni somthetho olahlayo oweqayo, eyiNkosi esikhululela ukuyikhonza ngokuyikho, sidlulisele isimemezelo sayo leNkosi nakwabanye. Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga ngokusithumela iNdodana yakho uJesu Kristu emhlabeni, ize isihlenge, sibe ngabakho. Mawusisize ukuba sikukhonze njalo ngokuyikho ngaye uJesu Kristu, oyiNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 23/24

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2001 ngu-E. A. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywana kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.